# I-Sabelo seziMali saBantu sango 2006/2007



## Dokt ZWELI MKHIZE, MPP

### uNgqongqoshe wezeziMali nokuThuthukiswa koMnotho KwaZulu-Natal

16 Februwari 2006

# ISIFUNDA SAKWAZULU-NATALI

## Inkulumo yeSabiwo sezimali sethulwa ngu Dokt ZL Mkhize ePhalamende LesiFunda – 16 February 2006

**Baba Somlomo**

**Mhlonishwa Ndunankulu nozakwethu kuKhabhinethi**

**iPhini likaSomlomo**

**AmaLunga aHloniphekile**

**Abaholi bosomabhizinisi umphakathi ohloniphekile**

## ISINGENISO SESABIWO SEZIMALI SABANTU SIKA 2006

Ngenkathi evula iPhalamende likaZwelonke uMengameli wezwe uMhlonishwa uMbeki wathi, *"izwe lethu elihlangene ngobunye alikaze libe sesimweni sokwenza izinto ezinhle ezingakaze zenziwe selokhu labakhona"*.

Ngalonyaka ngenkathi ethula inkulumo ngeSimo Sezwe uMengameli uMbeki wathi *"kusobala ukuthi izindimbane zabantu bakithi kubacacele ukuthi izwe lethu lingene esigabeni esisha sethemba."*

Lelithemba libe umbiko esiwuthole kubobonke abantu bakithi abesihamba phakathi kwabo sixoxisana ngezindaba zokwabiwa kwezimali. Uma sihlanganisa lesisabiwo sezimali, sahamba kuzozonke izifunda zalesisifundazwe silalela izifiso umphakathi ofisa ukuzibona zifezwa isabelo sezimali lesi esisethula namhlanje. Abantu abaningi bakhala kakhulu ngezindlu, imisebenzi eyizidingo njengamanzi kanye nezempilo. Zintathu izinto ezingumongo wezikhalo ezethulwayo:

- Ukuntuleka kwemisebenzi eyizidingo kanye nezimali ezingenele ezabelwe lezizidingo;
- Ubuphofu, kanye nokuntuleka kwemisebenzi okuyizinto ezidingeka kakhulu ukuze imiphakathi ibe nezimpilo ezingcono
- Ukuthatha kancane kwalabo abasebenza izicelo zezimali kanye nokukhokhelwa ngesikhathi kwalabo asebethole imisebenzi kuhulumeni

Izinhlupheko zabantu bakithi zibekwa kahle ngu Hernando de Soto awake waba ngumphathi webhange elikhulu lasePeru encwadini yakhe ethi Imfihlakalo ngohlelo lweCapitalism. Kanje:

> *"Amazwe asathuthuka kanye nalawo eyengawamadlelandawonye awanayo indlela yokwenza izinto abantu abanazo ukuba zamukeleke ohlelweni lokubambisa emabhange lapho kubolekwa izimali. Imisebenzi yabampofu ifana nezinkampani ezingakwazi ukukhipha amasheya ukuze zithole ezinye izimali zokuqhuba imisebenzi yazo. Ngaphandle kokwazi ukwenza lokhu, imisebenzi yabo ifana nefile. Abantu abaningi abahlala kulamzwe abanayo indlela yokwenza ukuba izinto abanazo zamukeleke njengezibambiso zemali mboleko. Yilokhu okwenza ukuba ukukhula komnotho ongaphakathi kulamazwe kubenzima yize abantu sebenza zonke izinto ezenziwa ngabamazwe aseNtshonalanga. Yiyo-ke le imfihlakalo yomnotho wama Kapitali."*

Saqala ngonyaka owedlule loluhambo olubheke entuthukweni sazi kahle ukuthi loluhambo lude futhi luzosithatha iminnyaka ngaphambi kokuba sifinyelele lapho sibheke khona. Sajatshuliswa ukuthi sikwazi ukwenza isiqalo esibhekile. Asizukuyishintsha-ke lendlela esesiyiqalile. Sizohamba ngayo nangawo lonyaka esiwuqalayo. Inkambiso yethu Yesabelo Sezimali Sabantu idinga ukuthi silalele imizwa nemibono yabantu abehlukene. Senzenjaloke nangalonyaka.

Sihlangene nabamasonto basipha imibono yabo, sihlangene nezinhlangano zabasebenzi zasinika imibono yazo; kanti sihambele izindawo eziningi sihlangana nomphakathi ezindaweni zawo umphakathi.

Sibonga kakhulu ukuthi umphakathi wakithi ulusukumela kangaka loluhlelo. Somlomo namaLunga aHloniphekile, ulwazi esiluthola kubantu emakhaya luphuse kakhulu. Size sibone sengathi izinga lemibono lithi alifuze leli esificana nalo lapha kuLendlu yakho eHloniphekile.

Uma ngingacaphuna nje eminye yemibono, ngenkathi siseMandini nangenkathi siseBergville kwaba nombono ofanayo uvela ku Jabulisiwe Sithole kanye no Thabani Kubheka wokuthi sengathi imali eyabelwa uMnyango wezezindlu iyehla kanti isidingo sezindlu sisalokhu sibonakala senyuka. Ngiyethemba bazojabula ukuzwa namhlanje ukuthi isabelo sezimali soMnyango wezezindlu sinyuke ngo 29%.

UMnumzane uThamsanqa Thwala waseThekwini wathi uma kuqhathaniswa isabelo sezimali soMnyango weMfundo kanye noMnyango weZempilo, kunomahluko omkhulu. Esikhathini esiningi uMnyango weZempilo iwona obonakala uhlehlela emuva. Kanti siseShowe uMnz Lucky Mkhize yena wayebona ukuthi uMnyango wezeMfundo ungathi ukwengezelwa imali. Ngiyethemba ukuthi impendulo ethi izabelo zaleMinyango yomibili sikhulile sizobathokozisa.

uMnz. uCZ Zulu wasoPhongolo wathi akakwazanga ukuqhubeka nomsebenzi owawukhethwe yicooperative wokubhakwa kwezinkwa ngenxa yokungabibikho kwamanzi nogesi.

Sezwa futhi abantu ezindaweni ezahlukene bekhalaza ngokungasizakali ngesikhathi eThala emva koqeqesho kanye nokuthumela ama business plan abo.

Kuzozonke izindawo esizihambile sithole izinto ezifanayo. Lokhu kubonakala kunjalo naseZifundazweni ezinye zakulelizwe. Impendulo yami-ke ithi **SIZWILE!** Isabelo sezimali sabantu sika 2006/07 lapha esifundazweni kanye nakuzwelonke ibeka izindlela ezicacile ezinika izimpendulo kulezizicelo zomphakathi.

uMengameli Wezwe ubeke lemigomo elandelayo efanele ukulandelwa uhulumeni ezingeni likazwelonke:

- Ngonyaka ka 2007, akukho muntu oyobe esasebenzisa amabhakede njengendlu yangasese.
- Ngonyaka ka 2010 yonke imizi iyobe isinamanzi ahlanzekile
- Ngonyaka ka 2012 yonke imizi iyobe isinogezi

Eminyakeni emihlanu ezayo uhulumeni uyofaka imali engam R400 bhiliyoni yokuthuthukisa izingqalasizinda, amathuba emisebenzi kanye nokulwa nobuphofu. Lezizimali zizofakwa njengengxenye yohlelo **Lokusheshisa ukukhuliswa koMnotho wezwe laseNingizimu Afrika (ASGISA),** ingqikithi enkulu kungukuqeda ubuphofu okungenani ngengxenye ngonyaka ka 2014.

Lesisifundazwe ngeke sisalele ngemuva ekuphumeleleisweni kwalemigomo yokuthuthukiswa kwezwe. Kungakho esabelweni sezimali salonyaka kunezimali ezengeziwe kuwowonke amavoti, sibalula ikakhulukazi imali yezingqalasizinda. Lesisabelo sezimali sizokhomba imali ebekelwe imisebenzi ebaluliwe ngobumqoka bayo emenyezelwe nguNdunankulu ngenkathi ethula inkulumo ngeSimo Sesifundazwe ngesonto eledlule.

## IMPUMELELO EZINHLOSWENI EZETHULWA NGONYAKA KA 2005/06

Uma sizindla ngonyaka owedlule, sibheka futhi onyakeni esiwuqalayo, ngikhumbula amazwi ka Alfred Lord Tennyson emdlalweni wakhe obizwa ngokuthi THE FORESTERS ayethi:

> *"ngithokoze ihora noma amabili kuphela ngosuku lokuzalwa:*
> *Uma lempilo yethu ibiyinto enhle, yini sizithokozise ngoba unyaka udlulile?*
> *Kodwa kungenxa* ***yethemba l****okuthi simi ezibukweni lonyaka ozayo*
> *Linyenyeza lithi kuyobamnandi*
> *Nobuso obujwayelekile bukanye nathi*
> *Nezandla ezifudumele zixhawulana"*

Sethula uhlelo lokuguqula umnotho walesisifundazwe ngonyaka owedlule ngenkathi sethula isabelo sezimali sika 2005/06. Sathi lokhu kungafezeka uma singenelela ngezindlela ezintathu:

- **Ukukhulisa umnotho kanye nokutshalwa kwezimali -** ngokubambisana nosomabhizinisi abazimele
- **Ukulwa nobuphofu kanye nokwandisa amathuba emnothweni –** ukuncishiswa kwegebe phakathi kwabampofu kanye nabanothile
- **Ukuqikelela ukuthi izimali zikahulumeni zisetshenziswa ngendlela efanele**

  Ngengoba singena eminyakeni emithathu emisha yokwabiwa kwezimali, kubalulekile ukuhti sinikeze umbiko wokuthi sisebenze kanjani kulezizingenelelo zangonyaka owedlule.

### *ISINGENELELO SOKUQALA: Ukukhuliswa komnotho kanye nokutshalwa kwezimali*

Sibe nemiphumela emihle kakhulu kulonyaka owedlule emizamweni yokukhulisa umnotho kanye nokukhuliswa kokutshalwa kwezimali. Inhloso enkulu yethu ukubeka lesisifundazwe endaweni yokuqala ekuxhumaniseni amazwe aphesheya kanye ne Afrika yonkana. Izindlela esibona ukuthi zizokwazi ukusiphumelelisa ukwenza lokhu yilezi:

- **Isikhwama Sokukhulisa Umnotho Wesifunda**

  Isikhwama sokukhulisa umnotho wesifunda sihlose ukuthi:

  - Siqondane nezingqalasizinda ezikhiqizayo ukuze abatshali zimali abazimele bakhuthazeke ukutshala izimali kulesisifunda
  - Ukwelekelela leyomikhakha yomnotho ethuthuka kangcono kulesisifundazwe uma kuqhathaniswa nezinye izifundazwe ikakhulukazi kulemikhakha:
    - ~ Kwezokuvakasha
    - ~ Ukuhanjiswa kwamanzi
    - ~ Ezokuthutha

Sekuqediwe-ke ukuhlela inkampani lena ezosingatha lesisikhwama. Ngokunjalo nebhodi elizongamela ukusebenza kwenkampani lena engaphansi kweThala seliqokiwe.

Uhulumeni wesifundazwe usazibophezele ngokufaka imali elinganiselwa ku R500m kulesisikhwama kanti nebhange iStandard lisami ngaso isibopho salo sokufaka imali engu R375m. Sekusele ukuthi kuvunyelwane ngohlelo lokuphatha bese lemali ingena esikhwameni. Sethemba ukuthi namanye amabhange asezosondela. Siphokophelele ekuhlanganiseni imali engu R1.5 wamabhiliyoni kulesisikhwama ngawo Meyi 2006.

Ngaphezu kwalokhu, sekukhona asebehlomulile kulesisikhwama. Ngizokwenza izibonelo ngababili ukukhombisa ukuthi loluhlelo luyasebenza. Ngifisa futhi ukunika amalunga ahloinphekile isithombe sokuthi yiluphi usizo olukwazi ukulethwa yilesisikhwama:

- Inkampani yokukhanda imikhumbi ebizwa ngokuthi yi "Bayhead Marine Industrial Park" isibolekwe imali engu R24m. lenkampani izoqasha abantu abalinganiselwa ku 350.
- Ipulazi lokukhuliswa kwezinhlani eMatigulu nalo selibolekwe imali engango R36m. Lelipulazi lizoqasha abantu abalinganiselwa ku 76 ngasekuqaleni okuyothi uma sekuphele isigaba sesithathu liqashe abantu abangu 350.

Baba Somlomo lobu ubufakazi bokuthi siqalile lesikhwama ukwenza umahluko. Phezu kwalezizibonelo esizethulile nansi eminye imisebenzi ecwaningwayo yilesisikhwama:

- Imisebenzi yokuvuselela amadolobha amancane akhahlamezekile
  - Idamu lamanzi eMajuba
  - Ingqalasizinda ezolekelela ukukhuliswa kwemboni yendwangu eMpofana
  - Ichweba ePort Shepstone
  - Imboni yewayini eEstcourt
  - Umshini wemanganizi e Newcastle
- Imisebenzi ezothuthukisa umnotho kanye namathuba omsebenzi
  - Ipaki lapho kuzozinza abakha izidingo zezimoto embonini yakwa Toyota eProspecton
  - Imboni yokwakha izimoto ezinamasondo amathathu eMsunduzi
  - Izindawo zokudayisela e Edendale, Osizweni kanye nase Paulpietersburg
  - Ipulazi likafishi e Mthunzini
  - Umshini wokwakha udizili ngezitshalo ezifana nomoba kanye nombila enyakatho nesifundazwe
  - Isiqiwi e Msuluzi
  - Umshini wokwakha uphethiloli ngezitshalo ezifana nomoba kanye nombila e Nkwalini

Ngakho-ke simema abatshali zimali abazimele ukuthi balethe imisebenzi efuze lena engabhekelwa ngaphansi kwalesisikhwama.

- **Ukuheha ukutshalwa kwezimali**

Ngonyaka owedlule sihambele izindawo ezinhlanu ukuyoheha abatshali zimali bangaphandle. Lena eye yezindlela ebalulekile yokwenza ukuthi isifundazwe sithole izimali ezitshwalwa zivela ngaphandle kwaleli. Saya iJalimane, e Itali, e Korea, e Japan kanye nase Ndiya ngonyaka owedlule. Ukwengezelela ezintweni ezibekwe uNdunankulu ezitholakele kulokhukuhamba, nansi eminye imiphumela:

- Isivumelwano nabakwa Piaggio ukuzokwakha izimoto ezimasondo mathathu kulesisifundazwe
- Ukwakhiwa kwefenisha ngokuhlanganyela phakathi kuka Thabo's Antiques kanye nenkampani ebizwa ngokuthi yi Fratelli Constatini
- Ukukhuliswa kwesivinini sokwakha ipaki lapho kuzozinza abakha izidingo zezimoto embonini yakwa Toyota eProspecton

Imininingwane eminye siyoyethula ngesikhathi esizayo mayelana nokusebenza kwalezizinhlelo.

## *ISINGENELELO SESIBILI: Ukulwa nobuphofu kanye nokwandisa amathuba emnothweni*

"*Ukunciphisa igebe phakathi komnotho wezinga lokuqala kanye nomnotho wezinga lesibili – ukwenza abantu abaningi babe yingxenye yomnotho wezwe*"

Angidingi ukukhumbuza amalungu ahloniphekile ukuthi ngonyaka owedlule sethula isabelo sezimali esabe singumgogodla wokulwa nobuphofu kanye nokwandisa amathuba abantu emnothweni. Ngiyajabula ukubika kafushane ngesikuzuzile kuloluhlelo.

- **Isikhwama sokulwa nobuphofu**

  Imali engu R500m eyabelwa lesisikhwama isebenze ngendlela efanele ngonyaka wezimali u 2005/06. IKhabhinethi yavuma ukuba lemali yabiwele imisebenzi ebalulekile yokuxosha ubuphofu. Nansi eminye yalemisebenzi:

  - Ukulethwa kwezindlu zangasese ezikoleni – R100m
  - Imigwaqo namabhuloho aya ezikoleni nasemitholampilo – R82m
  - Ukhuphakelwa kwabantwana ezikoleni – R55m
  - Ukuhanjiswa kwamanzi ezindaweni eziwantulayo emakhaya – R43m
  - Imali yohlelo lwamacooperative kanye nokusekelwa kwawo R140

- **Uhlelo lwama Cooperative**

  Baba Somlomo, sanelisekile ngenqubekela phambili ekwakhiweni nasekubulekweni kwamacoooperatives ngezimali. UMengameli ugcizelele ngenkathi ethula inkulumo ngeSimo Sezwe ukuthi ukwelekelelwa kosomabhizinisi abancane kanye namacooperative kuyinto emqoka kakhulu kuzwelonke. Kulesisifundazwe uhulumeni uthatha loluhlelo njengokhiye ekuvuleleni izinkulungwane zabantu bakithi ukuba bangene emnothweni.

  Isasasa labantu libonakala ngokuthi:

  - Angu 2024 amabusiness plan amukelwe iThala ngonyaka owedlule, selikwazile futhi ukuhlaziya livume izicelo ezingu 784;
  - Inani lemali elingu R110m selabiwe kanti imali engu R39m isikhokhelwe abafaka izicelo;
  - Kuze kube imanje asengu 3820 amacooperatives aseqede ukuqeqeshwa kwawo kuma FET;

- Amacooperatives angu 666 abhalisile ku data base yesiFundazwe okuwabeka ethubeni elihle lokuthi athole namathenda kahulumeni;
- Kulama business plan asevunyiwe, angu 125 awamacooperatives amadoda, angu 96 axubile, angu 235 awentsha kanti angu 328 awomame. Lokhu ubufakazi obugcwele bokuthi siyaqikelela ukuthi omame, intsha kanye nabakhubazekile bayabonelelwa ezinhlelweni zethu.

Onyakeni ozayo sizongena ohlelweni lokwenza ukuthi amacooperatives asimame akwazi ukwenza imisebenzi yawo ngendlela.

- **Isikhwama Sosomabhizinisi abancane**

Onyakeni owedlule uhulumeni wanikeza iThala imali engu R200m ukuqhuba umsebenzi wokunikeza imalimboleko kosomabhizinisi abancance. Ekupheleni kuka December 2005 kwabe sekuvunywe izicelo ezingu 405 azazidinga imali engu R433m. Sekukhokhwe u R179m walemali evunyiwe.

Izicelo ezilinde imali zilinganiselwa ku R1.5bn. Lokhu yinkomba yokuthi isasasa lalomsebenzi likhulu kangakanani. Sekube nesidingo-ke sokuthi silubukisise loludaba lokuthi sizokwenza kanjani ukuthi kuqhutshezelwe phambili loluhlelo. Ngizokhuluma ngezincomo esinazo makhathaleni. Kulonyakamali odlule uHulumeni wesiFunda ufake isamba sika R200m ukuqhuba uhlelo losomabhizinisi abafufusayo esiFundeni kuze kube kuphothula izinhlaka zalesisikhwama.

Ekupheleni kukaOkthoba 2005, Ithala beseliphasise izicelo zamabhizinisi ezingu 405 ezilinganiselwa ku R433m. Kulesisamba, engaphezulu kuka R179 seyikhokhiwe. Kusacungulwa ezinye ezilinganiselwa ku R1,5bn. Singaqagela nje ukuthi ezilinganiselwa ku R500m kuya ku R1bn zikufanele ukuphasa. Lengcindezi ekwi Thala kwezokuxhaswa kosomabhizinisi abafufusayo Ithala lihamba phambili. Abantu abaning ezimbizweni zethu babike ukutotoba kwemiphumela yezicelo – lokhu kungenxa yendathane yezicelo ezingenayo.

Ithala noHulumeni wesiFunda bayavuma ukuthi lemfuneko yemali ngeke yahlangatshezwa yiThala lilodwa. Kulonyakamali ozayo, sizobe siqala uhlelo olusha lokuxhasa osomabhizinisi abafufusayo – imininingwane yalokho ngizoyidalula maduzane nje.

- **Imizamo yokunika abantu amandla**

Ngonyaka odlule ngoMashi enkulumweni yesabelomali kwagcizelelwa ukuthi uhulumeni unenhloso yokusebenziswa ukuthengwa kwezimpahla nezinsiza okubalelwa ku R6bn ngonyaka ka 2005/06, ukuchumisa osomabhizinisi abafufusayo nalabo abamnyama.

Uhlakanqubo lwe supply chain management selwakhiwe ukucathulisa iminyango ekuthengweni kwe zimpahla nezinsiza, kubandakanywa namaco-operatives, ngendlela yokuthi kuhlangatshezwane nenqubomgomo nezinhloso zikahulumeni zokunikezwa amandla abantu abamnyama. Silindele ukuthi ngonyaka ozayo ngiyokwazi ukubika izibalo zomnyango nomnyango ngokuthi bathenge kangakanani kwabamnyama, abafufusayo nakumaco-operatives. Kufanele siqaphele ukuthi amaco-operatives nabafufusayo siyobe siyababulala zisuka uma singalandelisi ngokuthi uhulumeni athenge kubo ngendlela enesisindo.

Okubaluleke ngokufanayo wukuthi uhlelo lokukhokhela osomabhizinisi yiminyango kahulumeni aluzi kahle. Kuvamisile kuzwakale ukuthi kuyalitshalwa uma kukhokhwa kodwa umsebenzi

sewenziwe Uhlelo lokukhokha kufanele lulungiswe ukuqinisekisa ukuthi akulitshalwa ngoba lokho kwenza ingcindezi emalini engenayo nephumayo. Sengicele-ke UMnyango onguMgcinimafa ukuthi wakhe ithimba elincane elizobhekelela ukusheshiswa kokukhokhelwa kwamaco-operatives nama SMME's, okuzoba nanocingo lwamahhala lokubuza. Lokhu kuzokwakhiwa ngo April 2005.

### *UKUNGENELA KWESITHATHU: isisindo semali kanye nokuphathwa kahle kwayo*

Somlomo, enkulumweni yanyakenye ngabeka ngangokuthi singeke saphumelela njengohulumeni uma singaqinisekisi ukuphathwa kwemali esiyifaka ezinhlelweni ezahlukahlukene. Ngakho-ke sizimisele kakhulu ukuvikela abakhokhi bentela ngokuthi siqinise kwezokuphathwa kwemali nokuphatha jikelele. Ngiyajabula-ke ukubika impumelelo egculisayo yanyakenye:

- Ushintsho kwinqubomgomo ekuphathweni kwempahla nokuthengwa kwezimpahla nezinsiza luhamba kahle ngesikhathi futhi kuzolungisa okuningi.
- Lolushintsho lubandakanya ukufakwa kwethuluzi lokuphatha kolwazi ngempahla ethengiwe futhi thuluzi lelo elixhunyaniswe nohlelo lokuthenga izimpahla nezinsiza kanye nendlela esebenza ngogesi yokuthenga(amakhothi namathenda) – loluhlelo luzosiza ukusheshisa umsebenzi kanye nokuvimbela ukukhwabanisa nenkohlakalo.
- I Performance Budgeting System iyafakwa eminyangweni futhi kuhamba ngesikhathi esifanele. Ama database okukhombisa nje kuphela asefakwe kwaTreasury, Health nakwa Transport.
- Njalo ngekota kunika ikhabhinethi umbiko ngengcuphe iminyango engaba kuyo. Lokhu kuyisinyathelo esibaluleke kakhulu ngoba ukusukela manje ingcuphe yeminyango seyizokwethulwa ezingeni eliphezulu.

Kube khona impumelelo ekungabekezelelini ukukhwabanisa nenkohlakalo. Kwenziwe ngempumelelo uphenyo oluyisithupha oluphezulu mayelana nokukhwabanisa, inkohlakalo, ukuntshontsha, ukungaphathi kahle, neminye imikhuba ebize amashumi ngamashumi ezigidi zamarandi eminyangweni eyahlukene, amapublic entities kanye nomasipala. Amanye amacala angaphambi kwezinkantolo kanti futhi namacala okungaziphathi ngendlela efanele aseqaliwe yiminyango ephathekayo. Amanye amacala amahlanu abandakanya amaqembu ezigebengu aseqaliwe futhi sesixhumane noFezela neQembu eliphuca Imigulukudu Impahla ukusebenzela ukushushisa okunempumelelo.

Nyakenye, sitshale uR80m ekuphenyeni umkhonyovu wezimali zenhlalakahle. Lolutshalomali seluqhakaze kakhulu. Kutholakale ama grants angu 25 956 angumkhonyovu, lokhu kusindise imali engu R9,4m ngenyanga, R113m ngonyaka, R338m eminyakeni emithathu. Abasebenzi bahulumeni namalungu omphakathi akhonjwa njengabasolwa: 70 kowezeNhlalakahle; 23 kwaNdabazabantu; 3 979 kweminye iminyango; nodokotela abayishumi nanhlanu. Uphenyo olubheke ekushushisweni lwenziwa yithimba leSpecial Investigative Unit, okuwuphiko lwe National Prosecuring Authority. UMnyango onguMgcinimafa wenze into ebingacatshangwa ukuthi ingenzeka okuwuphikisa enkantolo labo abamangalele uMnyango wezeNhalakahle, lokho konga izigidi zamarandi ebezibheke kubantu abantulayo.

## AKESITHI JEQE KWEZOMNOTHO

Ngesikhathi uMongameli Mbeki ethi: *"Kusobala ukuthi izindimbane zabantu bakithi bayakholelwa ukuthi izwe lethu selingene esikhathini sethemba"*, nginesiqiniseko sokuthi thina KwaZulu Natali sithi **SIYAVUMA.** Kodwa-ke abanye benu bangabuza kufanele ukuthi kungabe lokhukungelela kukahulumeni kusizile yini ekwenzeni ngcono umnotho.

Ngingasho ngokuzethemba ukuthi izinhlelo kanye nezingosi zomnotho ezibekwa phambili nguhulumeni, ngaphandle nje kweyodwa noma ezimbili, zibukeka zihlanza imiphumela emihle uma kubhekwa umsebenzi weminyaka emibili eyedlule.

Mayelana nokukhula komnotho jikelele, iStats SA yakwaKwaZulu Natali ithole ukuthi umnotho wakhula ngo 4,9% ngo 2004, ingeyesibili kwiWestern Cape eyayino 5,3 %, iKZN ingaphezulu kukazwelonke(4,5%) – lokhu kuqhathaniseka nezinga lokukhula komnotho lika 2003 e KZN elalingu 2,8% kuphela. Izinga lika2005 kubhekeke ukuthi liba la ko 5,2%, futhi liphinde libe ngaphezulu kukazwelonke, eduze kuka 6% obekwe yi ASGI-SA.

Izingosi zesiFunda ezikhule kakhulu ngo 2004 kwakungeyozokwakha, ekhule ngo 28,8% nezezimali, ezezindlu nezinsiza zamabhizinisi ezikhule ngo 7,9%. Ingosi yezokukhiqiza ikhule ngezinga elihle like 4,5 %.

Kwezemisebenzi, ngo kwe Stats SA Labour Force Survey, ngo 2004 abantu abangu 993,000 esiFundeni babengasebenzi – lokhu kwehlile ngo 2005 kwaba ngu 987,000, kwenza ngcono izinga lokungasebenzi kwabantu ukusukela ku 33,1 ngo 2004 kuya ku 31,8 ngo 2005. Lokwehla ekungasebenzini empeleni kugijima ngaphezu kukazwelonke, yona eyehle kusukela ku 27,9% kuya ku 26,5% ngesikhathi esifanayo.

Ukuthi ukusebenzisa imali kukahulumeni nezinhlelo zakhe kuthelele kanganani kulokukhula okuncomekayo, kulukhuni ukusho okwamanje.

Kodwa-ke akucilo ozishaya endukwini ukudlondlobala kwengosi yezokwakha, uma ubheka ukufinyelela kwencithomali kwizingqalasizinda kuR7,42bn eminyakeni emibili eyedlule. Ukuba ngcono kwezibalo zemisebenzi nyakenye kusondelaniswa ngengxenye namaco-operatives, asehehe abantu abacela ku 35 000, uma ubala abantu abangu 9 ico-operative ngayinye – abaningi sebethole imisebenzi ngamaco-operative abanye basazoyithola kungekudala.

## IZINQUBOMGOMO EZINQALA ZIKA 2006-07

Ngicela ukunikhumbuza amagama a Alfred Lord Tennyson owathi:

> *"...Kodwa ithemba limamatheka ekuqaleni konyaka ozoqala – liswebeza ukuthi injabulo iyeza"*

Uma ubheka lokhu ithini incithomali kahulumeni enqala yeMTEF ezoqala emasontweni ayisithupha?

Besengibekile ukuthi ngikholwa ukuthi kubalulekile ukuba khona kwendlela eyodwa yohlaka lwesabelomali ukuze ngokuhamba kwesikhathi kube khona okuzwakalayo. Yize ke noma sesikwazili ukugalela kuzwakale ebuphofini, ukungasebenzi nokungatholaka kwezinsiza nyakenye, kusekuningana okufanele sikwenze. Esikhathini esizayo. Kanjalo-ke iSabelomali sesiFunda sizoqhubeka nokudlala indima njengethuluzi lokulungisa izingqinamba somphakathi nezomnotho esibhekene nazo.

Akufanele kumangaze-ke ukuthi izincomo zika 2006-07 zesabelomali zingabekwa kathathu nezingqikithi ezisekelwe kunyakenye:

- Ukuchumisa ukukhula komnotho ngokutshalwa kwezimali ezinggalasizindeni,
- Ukwakhiwa kwamathuba omsebenzi nokulwa nobuphofu ngokungenelela emnothweni wesibili,
- Ukwandiswa kwezinhlelo nokuthuthukiswa kwamakhono okubhekiswe ekwenzeni ngcono ukulethwa kwezinsiza.

Ngizobhekana ngokushintshana nalezindawo zenqubomogomo ezinqala.

### *Ukuchumisa ukukhula komnotho ngokutshalwa kwezimali ezinggalasizindeni*

Ekubuyekezweni kwenqubomgomo yeMTEF entsha, uHulumeni waKwaZulu-Natali uzibekele ukuthi isifunda izinga eliphezulu lokukhula komnotho. Lokhu kungumongo weqhinga lokuthuthukiswa komnotho futhi lixhumene ne National Accelerated and Shared Growth Initiative. Isizathu salendlela silula: uma ukukhula komnotho kunganyuswa kufike ku 4,5% kuleminyaka emihlanu ezayo, abese ukhule ngo 6% kusukela ku 2009 kuya ku 2014:

- ingeniso kumuntu ngamunye iyonyuka ngo 50% eminyakeni eyishumi
- izinga lokungasebenzi liyokwehla ngohhafu.

Kungukuphupha-ke nokho ukubheka ukuthi umnotho wesiFunda ungavele uziphose endleleni yezinga eliphezulu ngokwawo. Ukukhula okungaka kuyodinga, phakathi kokunye, ukutshalwa kwezimali okuqoqekile ezingqalasizindeni lapho uhulumeni nosomabhizinisi bangasese beyoba neqhaza. Kulokhu uhulumeni seyikhombe amaphrojekthi amaningana awukhiye:

- **Dube TradePort**

  I Dube TradePort efaka isikhumulo sezindiza sezinga eliphezulu e King Shaka International seyibe nempumelelo enkulu futhi sikholwa wukuthi izobe seyisebenza ngo 2009.

  Sesisayinde isibopho ne ACSA kanye noNgqongqoshe kaZwelonke wezokuThutha:

  - I ACSA ithola inkontilaki yeminyaka eyishumi yokuphatha nelungelo lokuqasha ingakapheli iminyaka eyishumi noma emva kwayo;
  - Ukuthutha kwe Durban International Airport uma I King Shaka International seyisebenza;
  - Nokuthi umhlaba wase LA Mercy udayiselwe isiFunda.

  Njengoba I DTP ingasezoba yi PPP, u R100m onikwa lephrojekthi kulonyaka izongena ngeThala ukulungiselela ukulungiswa kwesizinda – kubandakanya ukuthatha isiza, ukubiya, umongo wengqalasizinda nokuthuthukiswa lapho kuchezukwa khona kwi N2. Amathenda alomsebenzi asevaliwe, sekusele ukuthi kwahlulelwe. Ukulungiswa kwesiza, nokufakwa komongo wengqalasizinda kubhekeke ukuthi kuqale ekupheleni kwalonyaka.

  Somlomo, Malungu Ahloniphekile, mangikugcizelele ukuthi uma kuzohlangatshezwane nogwayi katiki obekiwe – ukwahluleka ukwenza lokhu akungacatshangwa nokucatshangwa – kufanele abadlali bendima benze lokho okufanele, kubandakanya nesiShayamthetho.

  Isicelo sokuphumelela sikhishelwe I Market for a Design, Construct, Fixed Price Turnkey contract ngesonto eledlule. Inhloso yalokhu ukuthi I DTP ikwazi ukukhetha ababili kodwa

bengeqi kwabathathu abaphumelela okokuqala ngoba bekhombisa ukuba nekhono lomsebenzi, imali yokuwenza nangokomthetho futhi benabo abamnyama abanikwa amandla, benesipiliyoni namandla anele ukwenza lomsebenzi ngesikhathi esibekiwe.

Ngo April 2006 kuzohlatshwa umkhosi wezicelo ezineminingwane eminingana kulabo abaphumelele okokuqala. Ngo Septemba 2006 kuyokhethwa abe munye bese kuxoxiswana naye zingxoxo lezo esethemba ukuthi ziyophothulwa ngo Disemba 2006. Inkontilaki iyobe seyinikezelwa, kulendilekele ukuthi ukwakha nzulu kuyoqala ngo Mashi 2007 kuqedwe futhi indawo isebenze ngo Okthoba 2009.

I Dube Trade Port Section 21 Company kuzofanele iphendule yenziwe inkampani kahulumeni ngaphakathi kwe PFMA ibe namandla okwakha I King Shaka International Airport Special Purpose Vehicle, eyobe-ke seyenza izivumelwano ne ACSA ngokuphatha nokusetshenziswa kwesikhumulo bese kanye nalowo ophumelele kudwetshwe futhi kwakhiwe lendawo. Njengenkampani kahulumeni I Dube Trade Port iyoba negunya lokuqhuba ukuthuthukiswa kwendawo yokuhweba, indawo yezamakhomputha, indawo yezolimo nezinye izintuthuko ngokwamabhizinisi. Sekubhalwe umthetho sivivinywa ozolethwa lapha esiShayamthetho ngoMashi. Ngiyacela kumaLunga ahloniphekile ukuthi aqinisekise ukuthi lomthethosivivinywa usetshenzwa ngezikhathi esizibekele zona.

Kunanezingxoxo zokuthi izimali zizofakwa kanjani. Ukutshalwa kwezimali sekukonke okudingekayo esikhumulweni esiyingxenye ye Trade Port, kubalelwa ku R2,5bn eminyakeni emine ezayo.

Siphakamisa ukuthi kubekwe u R20m, 200m no R1,5bn kwi MTEF ka 2006-07 – ngaphezulu kuka R100m esesabelweni salonyaka vele. Esalayo imali edingekayo seyiyobolekwa. IBhange lokuThuthukisa selivumile ukusiza kufike ku R500m oncike engenisweni.

- **Ukuthuthukiswa kwenkundla yeNdebe Yomhlaba ka 2010**

  Uhlelo lwesibili oluqatha lwengqalasizinda eqhutshwa wuhulumeni yilelo lokuxhaswa kokuthuthukiswa kwezinkundla zebhola esiFundeni ukulungiselela iNdebe Yomhlaba ka 2010. Siphakamisa ukufaka kuka R31m, R89m no 139, 5m esikhathini se MTEF njengokuphosa esivivaneni sengqalasizinda yezinkundla zebhola lezinyawo esiFundeni. Lemali izofakwa emnyangweni weZindaba zaseKhaya namaKhosi ozosizana nalowo weZemidlalo nokuNgcebeleka, ndawonye, basize omasipala baseMajuba, Ugu, uMgungundlovu, nasoThungulu ukwakha ingqalasizinda nezindawo ezidingelwa ukuzilolonga nokuzinza kwamaqembu. Sinombono wokuthi akufanele nje sakhe izinkundla kodwa kufanele sithuthukile umdlalo webhola lezinyawo esiFundeni sethu. Esikhathini se MTEF kubekwe ecaleni uR50m, R55m no R60m wokuthuthukiswa lomdlalo kuwowonke amazinga kusetshenziswana no SAFA – Ihhovisi likaNdunankulu lizodidiyela uhlelo lokuthuthukiswa kwalomdlalo kuyoyonke iminyango ethintekayo.

- **Richards Bay Industrial Development Zone**

  Ingxenye ebalulekile yohlelo lukahulumeni lokutshalwa kwezimali yi Richards Bay Industrial Development Zone. I IDZ yagxivizawa nguNqgongqoshe wezoHwebo neziMboni ngo 2002. Kusukela lapho, kodwa, akubanga nampumelelo etheni mayelana nengqalasizinda ukuze I IDZ isebenze. Siphakamisa ukubekela eceleni uR90m no R100m ngo 2007/08 no 2008/09 ukuze kuthuthukiswa le IDZ, sivumele ababambiqhaza onyakeni wokuqala ukuthi baqede icebo-bhizinisi, uhlelo loxhaso namalungiselelo obunini.

- **Corridor development**

  Siphakamisa ukuxhasa ngo 2006/07 imigwaqo emibili eholela e Richards Bay, ekuyiLubombo SDI Corridor ne P700 exhumanisa Ulundi neFilidi. Lokutshalwa kwezimali kuzosukumisa umnotho endleleni ekhwakhiwa kuyona futhi ivule lezizindawo kwezokuvakasha nezinsiza ezihambisana nalokho – lokhu kuzoba nomthelela omuhle ekuvuseleleni Ulundi njengomongo walesiyasifundazwe.

- **Coordinated infrastructure provision and procurement**

  Ingqinamba ebhekene nohulumeni ekufakeni lezingqalasizinda akukhona kuphela ukuqinisekisa ukuthi umsebenzi uyenzeka nokuthi incithomali yenzeka ngesikhathi esibekiwe, kodwa nanokuthi izinkampani zababecindezelekile nosonkontileka abafufusayo bathokozela izinkontilaki. Ngaleyondlela uMnyango onguMgcinimafa usuqhamuke nohlelo okufanele lusetshenziswe yiwo wonke umuntu losonkontileka abafufusayo olunhloso yalo kungukuthuthukisa futhi kuxhaswe amabhizinisi abamnyama nokuthi kulinganwe engosini yezokwakha. Lokhu kufaka amazinga ayisithupha lapho imali yenkontilaki ilawulwa yisipiliyoni, uqeqesho namandla. Izosebenza emisebenzini yobunjiniyela efana nezikhumulo, amabhuloho, imigwaqo, nokunye nasemisebenzini yokwakha jikelele.

***Ukwakhiwa kwamathuba emisebenzi nokulwa nobuphofu okubhekiswe emnothweni wesibili***

Ukuphokophela kwethu ekunciphiseni isikhala phakathi komnotho wokuqala kanye nalowo wesibili kuzoqhubeka kube wumongo weqhinga lethu lentuthuko yomnotho eminyakeni emithathu ezayo – sinombono esingusuke kuwo wokuthi singaphumelela ukuthuthukiswa umnotho kuphela uma sifukulwa abantu bonke bakithi.

Sihlose ukwakha umnotho wesibili ngezinhlelo esaziqala ngonyaka odlule.

Kwi MTEF elandelayo sizobekela ecaleni imali yeminyango enqala emnothweni. Eyalezizinhlelo ezalendayo:

**Ukwakhiwa kwamasecondary co-operatives**

Ngike ngakhuluma ngempumelelo esesibe nayo kuma primary co-operatives esiFundeni sonkana ngonyaka odlule. Kulonyaka sihlose ukungena esigabeni sesibili sokwakha amasecondary namatertiary co-operatives. Sizokwakha ama secondary co-operatives ayishumi nanye kwisifunda-masipala ngasinye nakwi Thekwini Metro, emsebenzini yawo omkhulu kunguku xhasa amaprimary co-operatives, wona ngemvelo angawokukhiqiza. Inhloso wukuqinisekisa ukuthi amaprimary co-operatives athola uxhaso kuma secondary nama tertiary co-operatives, kubandakanya uubolekiswa kwemishini usuku nosuku nanokuthi amaco-operatives anganciki kuhulumeni unomphelo. Uxhaso luzonikwa amasecondary co-operatives ukuze abe namandla okukwazi ukuphatha amabhizinisi. Lokhu kusho ukuthi amasecondary co-operatives kuzofanele abe namakhono okuphatha imali, awokuzigqaja nokuphatha-jikelele kwebhizinisi. Amasecondary co-operatives kufanele abe yintuba yahulumeni nabahwebi bangasese yokungena kulengosi uma befuna amakhono omsebenzi.

Itertiary co-operative izoxhasa amaco-operatives ngezakhiwo ezikwelenyoni. Futhi izoxoxisana nohulumeni, osozimboni bangasese nabanye ababambe iqhaza ukusiza amalungu ayo. Inhloso

wukuthi I teriary co-operative iphathe I value chain ngamandla okuthenga enawo ukuze kugeleze izithelo ziya kumalungu.

Ukukhula kwama co-operatives kudinga kube nokushintsha igiya eqhingeni lethu. Amaco-operative awumhlangano womphakathi. Sekuvunyelwene neUniversity of Zululand ngokuqeqesha izimenenja namalungu amaco-operatives nokuthuthukiswa kwamakhono kulomkhakha. Inhloso ukwakha uhlelo lonyaka owodwa kuphume isitifiketi, idiploma yeminyaka emibili kanye nedegree yeminyaka emithathu ekuphathweni kwamaco-operatives nebhizinisi. Ne University of KwaZulu Natali kuzoyiwa kuyo ngomgudu ofanayo.

Imali elinganiselwa ku R50m, R55m no R60,5m seyibekwe emnyangweni wezokuThuthukiswa koMnotho ukuze kwakhiwe amasecondary namatertiary co-operatives esikhathini se MTEF. Lokhu akusho ukuthi sizobe sesilaxakaza amaprimary co-operatives. Imali yokuqala enikwe Ithala engu R110m kulonyaka izoqhutsha kanje: R100m, R187,142m no 216, 572m ngesikhathi se MTEF – lemali izophathwa wuMnyango wezokuThuthukiswa koMnotho.

**Ukuqhubeka kokuxhaswa kosomabhizinisi amancane**

Mayelana nokuxhaswa kwama SMME, ngesikhathi siseIndia ngo Disemba 2005 siholwa nguNdunankulu, saxhumana ne National Small Industries Corporation Ltd yase India, enesipiliyoni esingaphezulu kweminyaka engamashumi ayisihlanu ekuchumiseni izimboni namabhizinisi amancane. Sibuka izindawo ezimbili zokubambisana ne NSIC: ukuthengwa kwemishini yokukhiqiza imikhiqizo efana nocingo lokubiya, ama tiles, ukudla okutshalwayo, izinto zokwakha, imikhiqizo yephepha, njll; nokuthi kube nethimba lochwepheshe elizophanda ngokubuyekezwa kwezindlela ezikhona njengamanje, imithetho nezinqubomgomo esiFundeni ezenzelwe ukuxhasa osomabhizinisi abafufusayo.

Kuphothulwa isivumelwano esizoletha ithimba lochwepheshe be NSIC, abazohlala esiFundeni amaviki ayishumi besebenzisana nabasebenzi boMnyango onguMgcinimafa nalabo boMnyango wokuThuthukiswa koMnotho. Imishini nobuchwepheshe obuzobe bulethwe yi NSIC kuzosetshenziselwa ukuxhasa ukukhula and nokuthuthuka kwamabhizinisi amancane esiFundeni.

Indlela ekuphumelele ngayo uhlelo lwamaco-operatives nama SMMEs kusho ukuthi amandla ethu kufanele siwagxilise ekuxhaseni amaco-operatives nama SMMEs ezingeni lezifundazwe. Lokhu kusho ukuthi kufanele kukhuliswe uMnyango wezokuThuthukiswa koMnotho ngabasebenzi abazoba sezizindeni zoxhaso ezisezifundazweni kusizwana noMasipala futhi kufukulwe ukuthuthukiswa komnotho wezindawo. Kuzogxila ekusakazweni kolwazi nokubonisa abesifazane, intsha nalabo abakhubazekile. Sesinqume ukubambisana ne South African Women Entrepreneurs Network kanye noMnyango wezoHwebo neziMboni.

Samukele ukuzalwa kwe Small Enterprise Development Agency (SEDA) ngaphansi komnyango wezokuhweba nezimboni ezothuthukiza osomabhizinisi abasakhasayo. I-SEDA izobambisana neThala nomnyango wezokuthuthukisa umnotho ekuxhaseni lamabhizinisi ezifundeni zonke.

Engakapheli uJune umnyango wezokuthuthukisa umnotho uzobamba ingqungquthela ezohlanganisa omasipala ukuze kuboniswane indlela yokuthuthukisa umnotho wezindawo zangaphakathi.

**Ukubambisana ekuxhaseni osomabhizinisi abancane**

Njengoba besengike ngachaza, kulonyaka sisungula indlela entsha yokuxhasa osomabhizinisi abakhasayo besifundazwe.

Ngenxa yezicelo eziningi zokuxhaswa yiThala, kwadingeka ukuthi inhloko yomnyango wezimali imeme amabhange nabanye ukuze baxhase osomabhizinisi abafufusayo ukuze umthwalo weThala unciphe.

Amabhange nabanye babonisa esikhulu isithakazelo ekusebenzisaneni nohulumeni. Lolugqozi lubonakaliswe ngokusungulwa kwendlela ewubuchwepheshe yokuxhasa osomabhizinisi ngezimali ebizwa ngokuthi i- KZN SMME Fund. Uhulumeni, uzosebenzisana nezinhlangano zezimali ukusungula osomabhizinisi abancane nabaphakathi nendawo ukuze kuvele amathuba emisebenzi futhi kuthuthukiswe unmotho kanye nokubhekelelwa kwe siZwe esimnyama.

Ibhange I-ABSA izimisele ngokuxhasa osomabhizinisi abancane ngemali engango R25 million Izinxhoxo namanye amabhange njenge Standard Bank kanye ne First National sezisezingeni eliphezulu. UStandard Bank uthi yena uzimisele ukuxhasa ngo R250 million uma sekushicelwe isivumelwano. Izinxhoxo no FNB azikaphothulwa. Kuyinhloso kahulumeni ukuthi ngoJune kufanele kube no R1.5 billion esikhwameni sokuxhasa osomabhizini abancane.

